

ser. 324 (13)

P.P. 1-4

16

Zulu mourning customs

K13/21 F. Vilakazi

b

Ukuzila umakufiwe

K13/21 $\frac{1}{4}$

S/13/dl

Ukuzila kuabantu bakugala. Umuntu uma efile kwakuba

indaaba enkulu impela kuabantu kuqala noma namamhla njena kuseyiyona indaba. Imikhuba eyayenziwa uma kufe inkosi noma umuntu miningi. Inkosi yona yayingangewatshwa njengabantu. Kwakuthi noma isifile inkosi bangatshenwa abantu kuthiwe isagula njena ngoaba kwesatshwa ezinye izizwe ukuthi zizojabula ukuzwa ukuthi inkosi isifile Gese zihlasela kahle lesosizwe esifelwe inkosi. Nabantu babaze bazi bonele ngeli kade ukuthi inkosi seyafa. Kwesinye isikhathi kwendlule noma ~~im~~ iminyaka emigili kungaziwa ukuthi inkosi seyafa.

2 Kwakwazi izinduna njena ukuthi inkosi isifile. Kwakuhlaselwa inkaabi enkulu impela Gese inkosi ~~in~~ iyathathwa isongwe ngaso lesosikhumba senkaabi. Isizothathwa ebusuku inkosi isongwe ngesikhumba inye ifakwe emaweni, lapho ingenakubonwa muntu. Sekuzokwenziwa igoqo ukuaba ingabonakali yembozwe ngawo amatshe. Gese kuthathwa amahlaha kwenziwe inyanga loko. Isizowemboza kulo igoqo lenkosi lelo. Sekuzothi abebeyolahla inkosi sebegeza ngazithelezi ngaphambi kokuaba gaye ekhaya. Sekuzothulwake inyanga yona ibe isebenza njalo yelapha umuzi wenkosi nenkosi elandelayo. Ukuaba nayo iqine impela. Kuzothi uma bebuya laba abebeyongcwaaba inkosi bahlaselwe inyama ukuaba ixutshwe nenyama leyo gayidela.

3 Uma kufe umuntu kwaku basobala. Kwakumbiwa ayombelwa ithuna njenga namhlanjena. ~~Kuz~~ Kuzothi uma esefile kuze abantu abaningi bezolila. Kuzothi amakhosikazi ayisihlobo sakhe azofukama kulowomuzi. Namanye angomakhelwana eze azofukama nawo. Uma efukeme yiwona azosiza inkosikazi eshonelwe umuyeni wayo. Umunumzane ugegulela endlini ekulu kwankosikazi aze afele khona noma efa. Amakhosikazi amanye akhe aseze kuza ngokuzomubona, noku lethu ukudla kwabantu abafikayo bezomubona umnumzane. Uma esefile kozwakala ngesikhulu isililo ekhaya. Amakhosikazi akhe abemenza konke elinga ukumusiza aze afe. Nezinyanga zingaphumi lapho kunumzane.

4 . Usezothi uma esefile Gese kuza aGantu Bezolila kumfowaGo omkhulu. Uma engekho kuyiwe kunkosikazi yakhe eyona inkulu kulilwe kuyona. Uma kulilwa kwakusuka esinamathambó isililo kuzwe nomuntu okude impela ukuthi kukhona aGafikile. Uma kuyolilwa akuhanjwa njena ngokuthanda, Gathi noma aGantu kade Gehamba Gesakazekile Gese Gayahlangana Galandelane uma seBesondele kulowomuzi aGaya kuwona. SeGezozwakala ngesililo Geklala. Sekuzokhala wonke umuntu osekhaya. Umuntu ongakhaliyo waye Gukeka njengomuthakathi. Uma kukhalwa kuhle wonke umuntu akhale. KwakuGaliswa ngayo yonke 5imiseGenzi yakhe emihle. Yingako njena ~~kux~~ kukhona lesisiga ngesizulu ukuthi umuntu uGongwa esefile asewenzile wonke umuseGenzi wakhe omuhle nombi. Uma usahamba awuGongwa. Uzaza Usezoyongcwatshwa. Uma eseyongcwatshwa wayethathwa amadoda ngohlaka. Nokumba ithuna kumba wona amadoda njalo. Sekuzothi ukuGa kufikwe khona kufa kwe icansi lakhe. Usezohlaliswa aqoshamiswe angalaliswa. Usezokwembeswa izinguGo zakhe aGelala ngazo nemikhonto yakhe ihambe naye. Usezofulelwa manjena. Uma esengcwatshiwe sekuzosuka esinamathambo isililo futhi. Sekuzothi Gonke aGantu aGeGe lapho Gahambe Gayogeza kuqala ngaphambi kokuGa Gaye ekhaya. Yonke into 6 eGilapho isizoyogezwa ngaphambi kokuGa isiwe ekhaya. SeGezokwahlukana aGantu. Sekuzoyiwa ekhaya umndeni. SekuzoGulawa ithole noma inkomo njena. Sekuzothi inyanga eyona iGaphethe isizoGalungisa. Leyonkomo kwakuthiwa amakhuGalo. Yayidliwa umndeni wodwa kuphela. Kuzothi inyama yokuqala yosiwe Gese inidwa ngen ngezinsizi nangamakhuGalo, wokulungisa umkhaya. Phezu kwethuna kwakuGekwa amahlahla kuphela, sekufulelwe ngomhlaGathi. Sekuzohlalwa inyanga kuziliwe wonke umuntu evalapho kx kulowomuzi kanye nezihloGo zakhona zizile nazo. Kothi uma sekuphele inyanga sekuzokwenyiwa utshwala kuhlatshwe izinkomo noma iGenye njena.

7

Sekuzo6uthana 6onke a6a6ekhona musukwana kungcwatshwa. Sekuzodliwa kuja6ulwe manjena. Inyanga 6elu ingasalele ukulungisa yelaphe. Yingako izinyanga zazifana na6antu a6akhulu a6anolwazi ngalezomini. Uma kusa ziliwe intombi noma insizwa noma inkosikazi ayihlangani nomuntu wesilisa nowesilisa akahlangani nowesifazane kuze kugezwe. Izintombi nezinsizwa azihlo6i noma ziyokweshola uma kuziliwe. Aziyi futhi ukuyo6uka uma kusaziliwe. Pho-ke na6adala ~~axi~~ a6ayi mpela ukuyo6uka uma kusaziliwe. Nomshado uyamiswa uma kusaziliwe. Kothi uma sekugezwe 6ese kuvuleka konke nokuhlo6a nokweshela nokuyo6uka umsindo.

8

Kuye kuthi umusukwana kudliwa inyama yokugeza zihlo6e izinsizwa nezintombi zigiye impela ngalelo langa. Amakhosikazi wona azila iminyaka embili. Azila inyanga angaphumi endlini. kuthi ngaloku azile ukuyo6uka nokugana kuze kuphele iminyaka emi6ili. Kwa6anye njalo kwakuphela unyaka owodwa 6ehluleke ukuphinda owesi6ili ~~mm~~ unyaka. Kuzothi uma sekukhumula wona futhi amakhosikazi kuhlatshwe futhi kulungiswe ngayo imithi kwenza yona 6elu inyanga leyo. Sengathi lenyanga yayihola inkomo ngako konke loku ukwenza. Amakhosikazi asazongenwa a6afowa6o 6endoda. Uma inkosikazi ingafuni ukungenwa isizohamba iyogana kwenye indawo. Isizo6ashiya la6antwana 6akulomuzi. Se6ezoyolo6olisa la6a a6adala 6aku6o kandoda. Uma inkosikazi yazala noma ka6ili sezizokwephuka lezonkomo. Noma se6ashona la6o 6antwana kubhalwe amaso akhe. Uma emahlanu kwephuka zi6ezinhlanu futhi. La6antwa a6azala kuleyondoda a6ayo. Uma kodwa engalotsholwanga a6aleyo indoda endala eseyafa. Sewuzalela inkosana yakhe.

10

Inkosikazi yaphoqelelwa noma yimiphi umfowa6ondoda uku6a makayingene. Yena waye engayi lo6oli inkosikazi lena wayezalela umfowa6o njena. La6o6antwana kwaku6a a6enkosana yomfowa6o. Kufana noma umfowa6o engenayo inzalo wayezaliselwa a6afowa6o kumakhosikazi akhe.

Amakholwa namhlanjena

Uma kufiwe ashaya insimbi yesonto. Isinsimbi lena ishaywa kancane ngokuzotha uma kufiwe. Asezokwazi amakholwa ukuthi kushonwe kwaGani oyena aGegula. Uma engaqondi azoGuza kumushumayeli noma kulowo oGeshaya yona ~~imxw~~ insimbi. Nawo uma eya esililweni ayalandelana. Kodwa wona awakhala aye ahlaGelele amaculo esonto. Kuthi uma esengena akhuleke. Noko aGanye Gayakhala njalo noma aGanye Gethule. Sekuzothi ngakusasa kwenziwe ibhokisi lokungcwaGa oshonile. Kuyombiwa nethuna lakhe futhi. Uma esenzongcwatshwa kuGa khona umfundisi ashumayeke futhi ethuneni. Gese

11 kuyodliwa izidlo lakushonwe khona wonke umuntu. Kuzilwa ngezinguGo ezimnyama, nethuna futhi liziliswa ngezimnyama. Ngaphandle kwezayoni (Zionist) woma azila ngezimhlophe izinguGo nangenguGo emhlophe futhi ethuneni. Amakholwa awanayo inyanga yokulungisa ofileyo uma sekugezwa. Nawo amakholwa ayazila inyanga amakhosikazi unyaka kuphela ezilile. Kuthi uma ingakapheli inyanga awaphumeli naphandle ukuya esontweni amakhosikazi. ~~am~~ Uma inkosikazi yephule lomuthetho oGcinwayo wokuhlonipha izulu ngesikhathi sasekwindla liyaGulala liweise amatshe emasimini, kufe konke ukudla kwaGantu. Ngako umufazi uyakhuzwa uma esefuna ukwephula lomuthetho waGantu. Futhi nomuntu owonisa owesifazane uyakhuzwa. Uyesatshwa lomuthetho ngisho nanamhla njena.

End. S. 324